

NALIBALI

Never too early, never too late!


Making time in a busy day to read to children, is an investment in their future, no matter what their age. These pleasurable times not only show children that you enjoy their company and care about them, but they build lifelong good memories of books and reading too!

Akusheshile kakhulu, akwephezile kakhulu!

Ukwenza isikhathi osukwini olumatasatasa ukufundela izingane, kungukunothisa ikusasa lazo, ngisho ingamingaki iminyaka yazo yobudala. Lezi zikhathi ezithokozelekayo azikhombisi nje kuphela izingane ukuthi uyakuthokozela ukuba nazo nokuthi uyazinakekela, kodwa zakha izinkumbulo ezinhle zempilo yonke mayelana nezincwadi kanye nokufunda!

IT'S NEVER TOO EARLY!

- ★ Do you ever wonder how old children should be when you start reading to them? Maybe you think you should wait until they have learnt to read before you start. But would you wait until a baby understands what you are saying before you talk to him or her? No, because that would make learning to talk difficult! Well then, you shouldn't wait for children to be able to read by themselves before you regularly read to them.
- ★ Sharing books with pictures, rhymes and stories with babies, teaches them vocabulary and language – and it gets their brains thinking! It's also a wonderful way to relax and bond with a baby.
- ★ The more you read aloud and talk to babies, the more words they hear. Very soon you'll hear them using these words themselves!
- ★ Reading to babies helps them understand that print has meaning and teaches them how we tell stories.
- ★ Most importantly, when adults regularly read to babies and young children, these youngsters grow up seeing reading as fun and worthwhile. So, they are more likely to choose to read in their free time when they are older.



AKUSHESHILE KAKHULU!

- ★ Ngabe uke wazibuza ukuthi izingane kufanele zibe ndala kangakanani ukuze uqale ukuzifundela? Mhlawumbe ucabanga ukuthi kufanele ulinde zize zifunde ukufunda ngaphambi kokuthi uqale. Kodwa ubuzolinda ingane ize ikuqondise okushoyo ngaphambi kokuthi ukhulume nayo? Cha, ngoba lokho bekuzokwenza ukufunda ukukhuluma kube lukhuni! Kusho ukuthi-ke, akufanele ulinde izingane zize zikwazi ukufunda ngokwazo ngaphambi kokuzifundela njalo.
- ★ Ukwabelana nabantwana ngezincwadi ezinezithombe, imilolozelo kanye nezindaba kubafundisa ulwazimagama kanye nolimi – kubuye kwenze izingqondo zabo zicabange! Futhi kuyindlela emangalisayo yokunethezeka nokuxhumana nomntwana.
- ★ Ngenkathi kwanda ukufunda kwakho kuzwakale nokukhuluma nabantwana, ayanda namagama abawezwayo. Kungekudala uzozwa sebewasebenzisa la magama ngokwabo!
- ★ Ukufundela abantwana kuyabasiza baqondise ukuthi okubhaliwe kunenzuzo kubafundise nokuthi sizixoxa kanjani izindaba.
- ★ Okubaluleke kakhulu, lapho abadala befundela njalo abantwana nezingane ezincane, laba abancane bakhula bebona ukufunda njengento ejabulisayo kanye nedingekayo. Ngakho-ke, basemathubeni okukhetha ukufunda uma bengenzi lutho lapho sebekhulile.



IT'S NEVER TOO LATE!

- ⌚ Is it too late to start reading to children when they are already at preschool or school? Just like it is never too early to start, it is also never too late to start! Children of all ages benefit from having someone read to them regularly.
- ⌚ When should you stop reading to children? Even once children have learnt to read, you can help them get better at it by reading books together that are too complicated for them to tackle on their own.



AKWEPHUZILE KAKHULU!

- ⌚ Ngabe sekwephuze kakhulu ukuqala ukufundela izingane lapho sezivele zisenkulisa noma esikoleni? Njengoba kungesheshe kakhulu ukuqala, akwephuze kakhulu futhi ukuqala! Izingane zayo yonke iminyaka yobudala ziyazuza ngokuba nothile ohlale ezifundela njalo.
- ⌚ Kunini lapho okufanele uyeke khona ukufundela izingane? Ngisho ngabe izingane sezifundile ukufunda, ungazisiza ukuthi zibe ngcono kulokho ngokufunda ndawonye izincwadi ezilukhuni kakhulu kuzo ukuzibambela ngokwazo.



Did you know?

- 📖 The more children read,
- 📖 the better they become at reading, and
- 📖 the more pleasure they get from it, so,
- 📖 they are more likely to choose to read.

Do you need advice on reading aloud to children? You can find lots of ideas and guidance in our "How to guides" in the "Storytelling" section of the Nalibali website – www.nalibali.org.

Uthi ubuwazi?

- 📖 Uma izingane zifunda kakhudlwana,
- 📖 ziba ngcono ekufundeni, futhi
- 📖 zithola injabulo enkudlwana ekufundeni, ngakho,
- 📖 zisemathubeni amakhudlwana okukhetha ukufunda.

Ngabe udinga iseluleko ekufundeleni izingane kuzwakale? Ungathola amasu amaningi nokuqondiswa kuma-"How to guides" ethu engxenyeni ethi, "Storytelling" yesizindalwazi – www.nalibali.org.



Stories@school

Making stories part of the physical environment of your school sends a clear message to everyone that your school believes in the importance of reading and storytelling. Here are some practical ways you can do this.

- ✏ Create a notice board where children can post information about what they are reading. Write a heading for the notice board, for example, "What we are reading" or "Our reading". Then leave slips of paper next to the board for children to express whatever they want to about a book, and pin this onto the board. The slips should have space for the child to write the title of the book, the author and a comment about it. You might also want to include some star shapes at the bottom for the child to colour in depending on how much they enjoyed the book.
- ✏ Find some wall space in the staffroom to display information about books, authors, illustrators, literacy articles and activity ideas for the staff to read. Make sure to change these regularly to keep them fresh and interesting.
- ✏ Paint a wall in the playground with chalkboard paint and supply chalk for children to write or draw their stories on it. Children could also have fun continuing another child's story thread. Encourage them to leave positive comments on the wall about the stories they have read.
- ✏ Find inspiring quotes about reading and writing in books and on the internet. Translate the quotes into all the languages spoken at your school and copy each quote in large writing onto a separate sheet of paper. Display the quotes around your school to inspire everyone, including visitors!



Izindaba esikoleni

Ukwenza izindaba zibonakale esikoleni sakho kuthumela umyalezo ocacile wokuthi isikole sakho sikholelwa ukuthi kubalulekile ukufunda nokuxoxa izindaba. Nazi ezinye izindlela eziqondile ongazisebenzisa ukwenza lokhu.



- ✏ Yenza ibhodi lezimemezelo lapho izingane zizokwazi khona ukudlulisa ulwazi ngalokhu ezikufundayo. Bhala isihloko ebhodini lezimemezelo, njengokuthi, "Esikufundayo" noma "Ukufunda kwethu". Emva lwalokho shiya amapheshana eduze kwebhodi yikhona izingane zizoshona noma yikuphi ezikufunayo ngencwadi bese zikuqhanela ebhodini. La mapheshana kufanele abe nesikhala lapho ingane izobhala khona isihloko sencwadi, umbhali kanye nezikuphawulayo ngayo. Mhlawumbe ungafaka nezimo eziyizinkanyezi ngezansi kwepheshana ukuze izingane zifake imibala ukukhombisa ukuthi ziyithokozele kangakanani incwadi.
- ✏ Thola isikhala obondeni endlini ehlala othisha ukwazi ukufaka ulwazi mayelana nezincwadi, abadwebi, imibhalo ekhuluma ngokufunda nokubhala kanye namacebo emisebenzi yikhona othisha bezozifundela. Hlala uhlale ufake izinto ezintsha ukuze othisha bahlale behehekile.
- ✏ Faka umcako obondeni lwenkundla yokudlala ngopende webhodi likashoki bese unikezela ngoshoki ukuze izingane zikwazi ukubhala noma zidwebwe izindaba zazo ebhodini. Izingane zingaphinde zikuthokozele ukuqhuba izindaba eziqalwe ngezinye izingane. Zikhuthaze zibhale obondeni imiyalezo emihle mayelana nezindaba ezizifundile.
- ✏ Thola amazwi akhuthathazayo acashuniwe mayelana nokufunda nokubhala ezincwadini kanye naku-inthanethi. Humushela la mazwi kuzo zonke izilimi ezikhulunywayo esikoleni sakho bese amazwi acashuniwe alowo nalowo mbhali abhalwe ephepheni lawo elikhulu. Bukisa ngala mazwi esikoleni sakho ngenhloso yokukhuthaza wonke umuntu, ngisho nezihambi imbala!

"You can find magic wherever you look. Sit back and relax, all you need is a book!"
Dr. Seuss

"Ungathola izimanga ezingakholakali noma yikuphi la ubheke khona. Hlala nje ukhululeke, udinga incwadi nje kuphela!"
nguDr. Seuss

"If you don't like someone's story, write your own."
Chinua Achebe

"Uma ungayithandi indaba yomunye umuntu, bhala eyakho phela."
nguChinua Achebe



WIN! WINA!



For a chance to win some Book Dash books, write a review of the story, *Who's that baby?* (pages 7 to 10), and email it to team@bookdash.org, or take a photo and tweet us at [@bookdash](https://twitter.com/bookdash). Remember to include your full name, age and contact details.

Ukuthola ithuba lokuwina ezinye izincwadi zakwa-Book Dash, bhala iqoqa elihlaziya indaba ethi, *Ngubani lowo mntwana?* (amakhasi 7 kuya kwele-10), bese ulithumela nge-imeyili ku-team@bookdash.org, noma uthwebule isithombe bese uxhumana nathi ngothwitha ku-[@bookdash](https://twitter.com/bookdash). Khumbula ukufaka igama lakho eligcwele, iminyaka yobudala kanye neminingwane yokuxhumana.

book
dash



Drive your imagination

Reading club corner



Ikhona lethimba lokufunda

When adults write, they always do so for real reasons, and one of these reasons is to communicate with others. When children are learning to write, they need to know not only *how* to write, but also *why* we write. They need to have real reasons to write. The Diaconia/Nal'ibali reading clubs from the NG Kerk Murray, in De Doorns, Western Cape have been doing just that!


Nal'ibali's Righardt Le Roux explains, "At our reading club sessions children spend time enjoying books and reading. We also talk about everyday events and situations happening around us and further away. Then we offer children opportunities to respond to these in ways that are meaningful to them, for example, by using drawing and writing."

"In February 2019, the tragedy that happened at Hoërskool Driehoek in Vanderbijlpark, Gauteng was in the news. A concrete slab above a corridor linking two blocks of buildings at the school, fell on 26 pupils, killing four and injuring several others. Some of the children at our clubs had heard about this and so we discussed it at our clubs' sessions. Afterwards the children decided to make cards to show support and offer encouragement to the affected families and pupils at the school. We sent all the cards to Hoërskool Driehoek. The children from our clubs were reaching out with love and compassion, and used drawing and writing to express their thoughts and feelings."

What a wonderful way for children to learn about the power of writing!

Lapho abadala bebhala, njalo nje bakwenza lokhu ngezizathu zangempela, kanti esisodwa salezi zizathu wukuxhumana nabanye. Uma izingane zifunda ukubhala, azidingi ukwazi kuphela ukuthi kubhalwa *kanjani*, kodwa futhi nokuthi *kungani* sibhala. Zidinga ukuthi zibe nezizathu zangempela zokubhala. Amathimba okufunda e-Diaconia/Nal'ibali aseNG Kerk Murray, eDe Doorns, eNtshonalanga Koloni abelokhu enza khona kanye lokho!

URighardt Le Roux wakwaNal'ibali uyachaza, "Emihlanganweni yethimba lokufunda lethu izingane zichitha isikhathi zithokozela izincwadi nokufunda. Sibuye sikhulume ngezizameko nezimo zansuku zonke ezenzeka ezindaweni ezisizungezile nezikude. Emva kwalokho sinikeza izingane amathuba okuziphendula ngezindlela ezenza umqondo kuzo, ukwenza isibonelo, ngokusebenzisa ukudweba kanye nokubhala."



Wade Ferdies from De Doorns writing to Hoërskool Driehoek.

UWade Ferdies waseDe Doorns ebhalela Isikole Samabanga Aphezulu iDriehoek.

"Ngonhlanja wezi-2019, umshophi owenzeka eSikoleni Samabanga Aphezulu eDriehoek eVanderbijlpark, eGauteng wawugcwele ezindabeni. Isixwexwe sikasimende esasiphezulu ephaseji elixhumanisa izakhiwo ezimbili zesikole, sawela phezu kwabafundi abangama-26, sabulala abane kwalimala abanye abaningi. Ezinye izingane emathimbeni ethu zezwa ngalokhu ngakho saxoxa ngakho emihlanganweni yamathimba ethu. Izingane zase zinquma ukwenza amakhadi ukukhombisa ukuxhasa nokududuza imindeni nezingane ezithintekile esikoleni. Sawathumela wonke amakhadi eSikoleni Samabanga Aphakeme iDriehoek. Izingane zasemathimbeni ethu zazikhombisa uthando kanye nokuzwelana, zasebenzisa ukudweba nokubhala ukuzwakalisa imicabango nemizwa yazo."

Kwaze kwayindlela enhle ezinganeni ukufunda ngamandla okubhala!

Collect the Nal'ibali characters

Cut out and keep all your favourite Nal'ibali characters and then use them to create your own pictures, posters, stories or anything else you can think of!

About Bella

Age: 5

Lives with: her mom and Noodle

Friends: Neo and Priya

Pet: Noodle

Favourite colour: green

Favourite outing: the beach

Likes stories about: queens, princesses, witches and animals



Qoqa abalingiswa bakwaNal'ibali

Sika ukhiphe bese ugcina bonke abalingiswa obakhonzile bakwaNal'ibali bese ubasebenzisa ukuzakhela izithombe, amaphosta, izindaba noma yini-ke okunye ongakucabanga okungokwakho!

Mayelana noBella

Iminyaka yobudala: 5

Uhlala no-: nina noNoodle

Abangani: uNeo noPriya

Isilwane asifuyile: uNoodle

Umbala awuthandayo: oluhlaza okotshani

Indawo athanda ukuzikhiphela kuyo: ebhishi

Uthanda izindaba ezimayelana: nezindlovukazi, amakhosazana, abathakathi nezilwane

Here's an idea ...

✂ Cut out and colour in the picture of Bella. Then paste the picture on a large sheet of paper. What do you think Bella's story is about? Draw a box next to Bella. Write the words from the page of the story that Bella is reading. You could also draw your own picture to go with these words!

✂ Keep the picture in a safe place and when you have collected all the Nal'ibali characters, use them to create your own Nal'ibali poster!

Nawu umbono ...

✂ Sika ukhiphe bese ufaka umbala isithombe sikaBella. Emva kwalokho namathisela isithombe esiqeshini esikhulu sephepha. Ucabanga ukuthi indaba kaBella imayelana nani? Dweba ibhokisi eduze kukaBella. Bhala amagama aphuma ekhasini lendaba uBella ayifundayo. Ungaphinda udweba esakho isithombe esizohambisana nala magama!

✂ Gcina isithombe endaweni ephephile, kuthi uma usubaqoqe bonke abalingiswa bakaNal'ibali, ubasebenzise ukuzakhela iphosta yakho yakwaNal'ibali!



Here are some of the reviews that our readers have sent us of stories that have appeared in past **Nal'ibali Supplements**. What have been your favourite stories? Write to us and let us know!

Nayi eminye imibhalo ehlaziyayo abafundi bethu abasithumelele yona ngezindaba ezivelile kuZithasiselo zikaNal'ibali ezedlulile. Yiziphi izindaba ozithande kakhulu? Sibhalele ukuze usazise!

Dear Nal'ibali

I write this email on behalf of my nephew who is 8 years old. He has a new interest in reading isiZulu because of *Unathi and the dirty, smelly beast* (Edition 141). It was a simple and stimulating read for both of us. The illustrations were our favourite part as they were equally entertaining and informative. Thank you for this little story about chance, friendship and mischief!



Gontse Madopi

Nal'ibali othandekayo


Ngibhala le imeyili esikhundleni sikamshana wami oneminyaka eyisi-8 ubudala. Unentshisekelo entsha yokufunda isiZulu ngenxa yendaba ethi *U-Unathi nesilwane esingcolile esinukayo* (Ushicilelo 141). Kwakuyindaba elula nekuthazayo kithina sobabili. Imifanekiso edwetshiwe ibiyinxenye esiyithanda kakhulu njengoba ibithi ijabulisa ibuye inikeze ulwazi futhi. Siyabonga ngale ndatshana encane emayelana nethuba, ubungani kanye nokuphazamiseka!

nguGontse Madopi

Dear Nal'ibali

My dream in the drawer (Edition 142) is an encouraging and realistic story about dreams. It concisely gives the value of a dream. The young boy's dream starts in a drawer – the worst place you can think of. But what is in your mind? What is your dream? What can you do to fulfil your dream? The story states the importance of dreams and that all dreams are valuable.

Leona Kokerai



Nal'ibali othandekayo

Iphupho lami ediloweni (Ushicilelo 142) yindaba ekuthazayo neyiqiniso ngamaphupho. Ikwethula ngokucacileyo ukubaluleka kwephupho. Iphupho lomfana omncane liqala ediloweni – indawo embi kunazo zonke ongayicabanga. Kodwa yini esengqondweni yakho? Liyini iphupho lakho? Yini ongayenza ukufezekisa iphupho lakho? Indaba ibalula ukubaluleka kwamaphupho nokuthi wonke amaphupho anosizo.

nguLeona Kokerai

Dear Nal'ibali ... Nal'ibali othandekayo ...

**WRITE TO US!
SIBHALELE!**

The Nal'ibali Supplement
The Nal'ibali Trust
Suite 17-201, Building 17
Waverley Business Park
Wycroft Road
Mowbray
7700


info@nalibali.org



Dear Nal'ibali

Thank you for an amazing World Read Aloud Day story! The children at our school loved *Where are you?* (Edition 150). At the beginning of the day, all the teachers read the story to the children in their classes. We had prepared for the day by asking the children to collect and bring in plastic bottles. Then after we had read the story to them, they spent time trying to walk around balancing the bottles on their heads – just like the children in the story. We finished off with the children doing the other "Get story active!" activities on page 15. Thank you for helping our children to have a fun World Read Aloud Day 2019.

Mrs Cynthia Dlamini




Nal'ibali othandekayo

Siyabonga ngendaba emangazayo yoSuku Lomhlaba Lokufunda Kuzwakale! Izingane esikoleni sethu zayithanda indaba ethi *Ukuphi?* (Ushicilelo 150). Ekuqaleni kosuku, bonke othisha bafundela izingane zabo le ndaba emakilasini abo. Sasilulungiselele usuku ngokucela izingane ukuthi ziqoqe bese ziza namabhodlela amaplastiki. Emva kokuzifundela indaba, zichithe isikhathi zizama ukuhamba zizungeza zithwele amabhodlela emakhanda azo – njengezingane ezisendabeni nje. Siphothule ngokuthi izingane zenze eminye imisebenzi engosini ethi "Yenza indaba ihlabe umxhwele!" ekhasini le-15. Siyabonga ngokusiza izingane zethu ukuthi zibe nolujabulisayo Usuku Lomhlaba Lokufunda Kuzwakale ngowezi-2019.

nguNkk Cynthia Dlamini

Create TWO cut-out-and-keep books

1. Take out pages 5 to 12 of this supplement.
2. The sheet with pages 5, 6, 11 and 12 on it makes up one book. The sheet with pages 7, 8, 9 and 10 on it makes up the other book.
3. Use each of the sheets to make a book. Follow the instructions below to make each book.
 - a) Fold the sheet in half along the black dotted line.
 - b) Fold it in half again along the green dotted line.
 - c) Cut along the red dotted lines.




Zenzele ezakho izincwadi EZIMBILI ozosisika uzikiphe bese uzigcina

1. Khipha ikhasi lesi-5 ukuya kwele-12 alesi sithasiselo.
2. Iphepha elinamakhasi 5, 6, 11 kanye nele-12 lenza incwadi eyodwa. Iphepha elinamakhasi 7, 8, 9 kanye nele-10 lenza enye incwadi.
3. Sebenzisa iphepha ngalinye ukuze wenze incwadi. Landela imiyalelo engezansi ukuze wenze incwadi ngayinye.
 - a) Songa iphepha libe nguhhafu ngokulandela umugqa wamachashazi amnyama.
 - b) Lisonge libe nguhhafu futhi ulandele umugqa wamachashazi aluhlaza okotshani.
 - c) Sika ulandele umugqa wamachashazi abomvu.



Izinhlanzi zisigcina siphilile.



Fish keep us alive.



NEW AFRICAN STORIES



IZINDABA EZINSHA
ZASE-AFRIKA

This is an adapted version of *I am water*, published by New Africa Books and available in bookstores and online from www.newafricanbooks.com, www.loot.co.za and www.takealot.com. This story is available in the eleven official South African languages and is part of the New African Stories series – a series of beautifully illustrated children's stories collected from across Africa.

Lena yindaba eguquliwe ethi *Ngingamanzi*, eshicilelwe ngabakwaNew Africa Books futhi etholakala ezitolo zezincwadi nakuzizindalwazi ku-www.newafricanbooks.com, ku-www.loot.co.za naku-www.takealot.com.

Le ndaba itholakala ngezilimi eziyishumi nanye ezisemthethweni zaseNingizimu Afrika kanti iyingxenywe yochungechunge okuthiwa Izindaba Ezintsha Zase-Afrika – okuwuchungechunge lwezindaba zezingane ezinemidwebo emihle eziqoqwe e-Afrika yonkana.

dp davidphilip

Trading as **New Africa Books**


Nal'ibali is a national reading-for-enjoyment campaign to spark and embed a culture of reading across South Africa. For more information, visit www.nalibali.org or www.nalibali.mobi



UNal'ibali umkhankaso kazwelonke wokufundela ukuzithokozisa wokokhela inhansi nokuzinzisa isiko lokufunda eNingizimu Afrika yonkana. Ukuze uthole eminye imininingwane, vakashela ku-www.nalibali.org noma ku-www.nalibali.mobi



Drive your
imagination



Izinhlanzi zihlala emanzini.

Fish live in water.

I am water Ngingamanzi


*Thembinkosi Kohli
Busisiwe Pakade*




Sibhukuda emanzini ahlanzekile.



We swim in clean water.




Amanzi asiza ubhekilanga ukuthi akhule.




Water helps the sunflower grow.

Singamanzi, futhi amanzi angaphakathi kwethu.




Izandla zamni ezivayizayo. Izandla zalowo mntwana ezivayizayo.



My waving hands. That baby's waving hands.

Ngubani lowo mntwana?



Who's that baby?



Lots more free books at bookdash.org

Nal'ibali is a national reading-for-enjoyment campaign to spark and embed a culture of reading across South Africa. For more information, visit www.nalibali.org or www.nalibali.mobi



UNal'ibali umkhankaso kazwelonke wokufundela ukuzithokozisa wokokhela inhlansi nokuzinzisa isiko lokufunda eNingizimu Afrika yonkana. Ukuze uthole eminye imininingwane, vakashela ku-www.nalibali.org noma ku-www.nalibali.mobi




Who's that baby? Ngubani lowo mntwana?

Natalie Hinrichsen • Tamsin Hinrichsen
Chisanga Mukuka • Georgia Demertzis

Ehhe? Lowo mntwana
usenyamalele!



Ufuna ukudlala?



Want to play?

Oh! *That* baby is ... ME!



O! *Lowo* mntwana yi ... MINA!


Who's that baby?



Oh, noi That baby's gone!
Hhayi, boi Lowo mntwana
usenyamalele!



Oh? That baby's gone!



I make a funny face. So does that baby.


Ngenza ubuso obuhlekisayo.
Nomntwana wenza okufanayo.




Ngubani lowo mntwana?



Izinzwane zami ezigwegwile. Izinzwane zalowo mntwana ezigwegwile!



My wiggly toes. That baby's wiggly toes!



That baby can walk. Just like me.

Lowo mntwana angahamba.
Njengami nje.

Ngubani lowo mntwana?

Who is that baby?



My cute nose. That baby's cute nose.




Ikhala lami elihle. Ikhala lalo mntwana elihle.

Amanzi asiza isihlahla ukuthi sikhule.




Water helps the tree grow.

We are water and water is us.




Do not throw rubbish into water.
Ungalahli udoti emanzini.



Wake up! Wake up!
Turn off the tap!

Phaphama! Phaphama!
Vala umpompi!




Amanzi ageza imoto yami eyithoyizi.




Water washes my toy car.

We drink water.



Siphuza amanzi.



Ngiqoga amanzi emafini.

I collect water from the clouds.

Clean water helps us live.

Amanzi ahlanzekile asisiza ukuthi siphile.



Please turn off the taps and save water.

Sicela nivale ompompi bese nonga amanzi.



Get story active!



Yenza indaba ihlabe umxhwele!

Here are some activities for you to try. They are based on all the stories in this edition of the Nal'ibali Supplement: *I am water* (pages 5, 6, 11 and 12), *Who's that baby?* (pages 7 to 10) and *The sad queen and the tickler* (page 14).

Nayi eminye imisebenzi ongayizama. Isuselwa kuzo zonke izindaba ezikulolu shicilelo lweSithasiselo sikaNal'ibali: *Ngingamanzi* (amakhasi 5, 6, 11 nele-12), *Ngubani lowo mntwana?* (amakhasi 7 kuya kwele-10) kanye nethi *Indlovukazi edangele nomkitazi* (ikhasi le-15).

I am water

This book shares the author's ideas about the importance of water.

1. Which message from the book do you think is the most important? Write it on the empty notice board below.
2. What other messages about water – from the book or your own – would you like to tell people? Write some of them on the notice board.
3. Use colour and drawings to make your notice board more eye-catching.
4. Cut it out and display it where other people will see it.

Ngingamanzi

Le ncwadi yabelana ngamasu ombhali ngokubaluleka kwamnazi.

1. Yimuphi umyalezo ophuma encwadini ocabanga ukuthi ngobaluleke kakhulu? Wubhale ebhodini lezaziso elingenalutho elingezansi.
2. Yimiphi eminye imiyalezo emayelana namanzi – ephuma encwadini noma okungeyakho – ongathanda ukuyitshela abantu? Bhala eminye yayo ebhodini lezaziso.
3. Sebenzisa imibala nemidwebo ukwenza ibhodi lakho lezaziso lidonse amehlo kakhudlwana.
4. Lisike ulikhiphe bese ukhangisa ngalo lapho abanye abantu bezolibona khona.



Who's that baby?

1. Read this story to a baby or toddler. Do the actions as you read, for example, wiggle your toes, wave your hands and point to your nose.
2. Look in a mirror and make a funny face. Now draw a mirror and then draw the funny face you saw, on your mirror. Write a short rhyming poem to go with your picture.



Ngubani lowo mntwana?

1. Fundela umntwana noma ujahidada le ndaba. Lingisa ngenkathi ufunda, ukwenza isibonelo, nyakazisa izinzwane, yayiza izandla zakho bese ukhomba ekhaleni lakho.
2. Bheka esibukweni bese wenza ubuso obuhlekisayo. Manje dweba isibuko bese udweba ubuso obuhlekisayo obubonile, esibukweni sakho. Bhala inkondlo emfishane enemvumelwano ezohambisana nesithombe sakho.



The sad queen and the tickler

1. Talk about what makes you feel better when you're feeling sad. Can you think of different ways to cheer someone up when they are feeling sad? Share as many different ideas as you can – there are no right or wrong answers!
2. Draw your own "before" (when the queen was sad) and "after" (when the queen was happy) pictures of the queen.



Indlovukazi edangele nomkitazi

1. Khuluma ngokukwenza uzizwe ungcono uma uzizwa udangele. Ungakwazi ukucabanga ngezindlela ezahlukene zokukhuthaza othile lapho ezizwa edangele? Yabelana ngamacebo amaningi nahlukene ngangamandla akho – akukho mpendulo elungile noma engalungile!
2. Dweba ezakho izithombe zendlovukazi "zangaphambilini" (ngenkathi indlovukazi idangele) kanye "nangemuva" (ngenkathi indlovukazi isijabule).





The sad queen and the tickler

By Phumlani Mavimbela ■ Illustrations by Jiggs Snaddon-Wood



There was once a sad queen who always had a frown on her face. Nothing made her smile, not even cake ... and cake makes everyone smile! The queen was wealthy as she had many cows, but even that was not enough to turn her frown into a smile.

Every morning when the queen sat at the table, she barely touched her food. She did not speak to anyone, not even to the talkative king, and everyone spoke to the king.

When the traditional healer came to examine the queen, he decided she had a condition called "*Miimoo*". He said it made your face look sad when you said that word slowly.

"Is there a way to cure her?" asked the king.

"Have you tried giving her cake?" asked the healer.

"Yes, we have, many times. She just frowns at it," answered the king.

"That is terrible! No one frowns at cake," said the healer.

"That's what I thought too," said the king.

"Then we will have to call the tickler. She will have the queen smiling in no time," decided the healer.

It was yet another blue Monday for the sad queen when the tickler came rattling in with all sorts of colourful toy-like objects.

"What are all these ridiculous things you bring to my kingdom?" asked the king.

"You mean these beauties," said the tickler. "These are my *ketiing-ketiing*."

"What a strange name," said the king.

"It's really simple. I call them that because *ketiing-ketiing* is the sound they make when they are used together," said the tickler. "Now tell me, what's wrong with the queen?"

"Well, she is sad and has been for six years, eight months, three weeks and two days," explained the king. "Do you think you can help?"


The tickler pulled a big trumpet out of her tiny pocket and blew it near the queen's ear. Instead of a trumpety *pee-pee-de-peep*, the trumpet burped!

The king thought this was very funny and he laughed. Even the sour-looking guards giggled, but not the sad queen. In fact, she just looked sadder than before.

"That's quite an odd trumpet you have there," laughed the king.

"Oh, this is a trump-burp," said the tickler. "It is my funniest *ketiing-ketiing*. Or at least I thought it was, but it has not stopped the queen from frowning."

The tickler then reached into her bag and pulled out a tiny feather the size of her smallest finger. "This is sure to work," she said and tested the feather on the king. It only took a little wiggle of the feather on the end of his nose for the king to start giggling.



"Now let's try this on the sad queen," said the tickler and she wiggled the feather on the end of the queen's nose. Nothing! Not even a silly little smile! Instead, the queen just sighed.

"Oh dear, this has never happened before. The giggly-feather has never failed," said the tickler. "Are you sure the queen is just sad and not ill?"

"She's definitely sad," said the king. "Look at her! She always has that frown, and her hand is always against her cheek. She sighs often too."

"Then I had better try one more *ketiing-ketiing*," said the tickler as she reached into her bag and pulled out a ball of dough. "Where's your kitchen?" she asked.

The royal guards showed the tickler where the kitchen was, and there she used her ball of dough to bake a pie. This pie smelt different from the pies the guards had smelt before.



"What's wrong with your pie?" asked one of the guards. "It smells like my favourite dish that my grandmother used to make."

"There's nothing wrong with the pie. It's a happy pie. It smells different to everyone because it smells like whatever makes you happy," explained the tickler.

The tickler cut a large slice of pie and presented it to her royal highness. When the queen sniffed the pleasant smell, she burst into tears.

"Now look, you've made things worse!" said the king to the tickler.

"Look again," said the tickler.

The king looked at the queen. She was smiling and in tears!

"Those are tears of happiness," said the tickler.

The queen kept scooping spoonful after spoonful of pie into her mouth. As she did, she explained that the pie reminded her of her daughter, whom she missed terribly. Soon the queen had eaten the whole pie. It was so scrumptious that she even licked the plate clean.

The king was so happy to see his wife smiling again after six years, eight months, three weeks and two days.

The next morning, the king and the not-so-sad queen visited their daughter. They found out that the princess had also been sad because she was apart from her parents. So, from then on, they visited each other often. The queen was once again a happy queen ... even when she saw cake. And, all of this, because of the clever tickler.





Indlovukazi edangele nomkitazi



NguPhumlani Mavimbela ■ **Imidwebo nguJiggs Snaddon-Wood**
■ **Ihunyushwe nguMalungi Mbhele**

Kwake kwaba khona indlovukazi eyayidangele eyayihlale ihwaqile ebusweni bayo. Ayikho into eyayiyenza imamatheke, ngisho nekhekhe ... kanti phela sonke siyazi ukuthi ikhekhe lenza wonke umuntu amamatheke! Indlovukazi yayinothile kakhulu njengoba yayinezinkomo eziningi ezazilobole indodakazi yayo, kodwa ngisho nalokho kwakungenele ukuguqula ukuhwaqa kube ukumamatheka.

Njalo ekuseni lapho indlovukazi ihlezi etafuleni, yayingakuthinti nokudla kwayo. Yayingakhulumi namuntu, ingakhulumi ngisho nanenkosi eyayikhuluma njalo, kanti phela wonke umuntu wayekhuluma nenkosi.

Ngenkathi kufike inyanga izohlola okuphethe indlovukazi, yaphuma nesinqumo esithi indlovukazi yayiphethwe yisifo esibizwa ngokuthi yi-*"Miimoo"*. Yathi senza ubuso bubukeke budangele uma uphimisa lelo gama ngokunensa.

"Ingabe kodwa ikhona indlela yokumelapha?" kubuza inkosi.

"Uke wazama ukumnikeza ikhekhe?" kubuza umelaphi.

"Yebo, sesizamile, kaningi. Uvele alihwaqele nje," kuphendula inkosi.

"Kwakubi-ke lokho bo! Akekho umuntu ohwaqela ikhekhe," kusho inyanga.

"Nami bengazi kanjalo," kwasho inkosi.

"Okusho ukuthi kumele sibize umkitazi. Nakanjani uzoyenza imamatheke kungekudala," kuphethe inyanga.

Kwase kungomunye uMsombuluko oluhlazana futhi kundlovukazi edangele ngenkathi umkitazi efika ekhelekheleza nalo lonke uhlobo lwezinto ezazibukeka njengamathoyizi amibalabala.

"Umsangano wani-ke lo owulethe ebukhosini bami?" kubuza inkosi.

"Usho lezi zinto ezinhlekazi?" kusho umkitazi. "Laba *okhehle-khehle* bami."

"Laze langejwayeleka bo lelo gama," kusho inkosi.

"Kusobala nje. Ngibabiza kanjalo ngoba benza umsindo othi *khehle-khehle* lapho besetshenziswa kanyekanye," kwasho umkitazi. "Manje ake ungitshele, kwenzajani ngendlovukazi?"

"Empeleni nje, udangele futhi sekuneminyaka eyisithupha, izinyanga eziyisishiyagalombili, amaviki amathathu nezinsuku ezimbili kunjalo," kuchaza inkosi. "Ucabanga ukuthi ungakwazi ukusiza?"


Umkitazi wakhipha icilongo elikhulu ephaketheni lakhe elincane walifutha eduze kwendlebe yendlovukazi. Esikhundleni somsindo wecilongo othi *pe-pe-de-pip*, icilongo lavela labhodla nje!

Inkosi yakubona kuhlekisa kakhulu lokhu ngakho yahleka. Ngisho nabaqaphi abahlezi bephukule bagigitheka, kodwa lutho indlovukazi edangele. Eqinisweni nje, yavele yabukeka idangele kakhulu kunakuqala.

"Yicilongo elingejwayelekile-ke leli lakho," kuhleka inkosi.

"Owu, leli yicilongo-bhodla," kwasho umkitazi. "Yiwona *khehle-khehle* wami ohlekisa kunabo bonke. Mhlawumbe angithi bengicabanga kanjalo, ngoba nakhu ungayiyekisanga ukuhwaqa indlovukazi."

Umkitazi wase efaka isandla esikhwameni sakhe wadonsa uphapho oluncanyana olungangocikicane wakhe. "Nakanjani lokhu kuzosebenza," kusho yena, washo ehlopha uphapho lwakhe enkosini. Kwaba ukulunyakazisa kancane nje uphapho phezu kwekhala lenkosi yaqala njalo inkosi ukugigitheka.




"Manje-ke ake sizame lokhu endlovukazini edangele," kusho umkitazi esho eyaluzisa uphapho phezu kwekhala lendlovukazi. Lutho! Angiphathi ngisho ukumamatheka nje okungatheni! Kunalokho, indlovukazi yasimze yaphefumulela phezu sakububula.

"Mamoshane, akukaze kwenzekke-ke lokhu ngaphambilini. Uphapho-lokugigitheka alukaze lwehluleke," kusho umkitazi. "Uneqiniso lokuthi indlovukazi idangele nje ayiguli?"

"Ngiqinisekile idangele nje kuphela," kwasho inkosi. "Yibuke nje! Ihlale ihwaqele kanje, isandla sayo sihlale sihlezi esihlathini. Iphefumula sakububula kaningi."

"Okusho ukuthi kufanele ngizame omunye futhi *ukhehle-khehle*," kwasho umkitazi efaka isandla sakhe esikhwameni sakhe wabuya nebhola lenhlama. "Lingakuphi ikhishi?" kubuza yena.

Abaqaphi basebukhosini bakhombisa umkitazi ukuthi ikhishi lingakuphi, lapho wasebenzisa khona ibhola lenhlama ukubhaka uphaya. Wawunephunga elihlukile kwelophaya ababeywayelwe ngabaqaphi.



"Wenze njani lo phaya wakho?" kubuza omunye wabaqaphi. "Unuka njengesidlo sami engisikhonzile, amasi, esasivame ukwenziwa ngugogo."

"Ayikho into engalungile kulo phaya. Uphaya wentokozo. Unuka ngendlela eyehlukile kwabanye ngoba unuka njenganoma yini ekwenza ujabule," kwachaza umkitazi.

Umkitazi wasika ucezu olukhulu waluhambisa endlovukazini. Lapho indlovukazi ihogela unqambothi olumnandi, yavele yaphubuka yakhala.

"Awubuke-ke manje, wenze izinto zazimbi kakhulu!" kusho inkosi kumkitazi.

"Ake uphinde ubuke," kusho umkitazi.

Inkosi yabuka indlovukazi. Yayimamatheka futhi ikhala!

"Lezo yizinyembezi zenjabulo," kusho umkitazi.

Indlovukazi yaqhubeka ilokhu ikha izipunu zilandelana ezigcwele uphaya izishwabadela emlonyeni wayo. Ngenkathi yenza lokho, yayichaza ukuthi uphaya uyikhumbuza indodakazi yayo, eyayikhumbula kakhulu. Kungekudala indlovukazi yase iwudle yawuqeda wonke uphaya. Wawehla esiphundu kangokuthi yaze yakhotha ipuleti lahlanzeka.

Inkosi yayijabule kakhulu ukubona unkosikazi wayo emamatheka futhi emva kweminyaka eyisithupha, izinyanga eziyisishiyagalombili, amaviki amathathu nezinsuku ezimbili.

Ekuseni ngakusasa, inkosi nendlovukazi engasadangele neze yavakashela indodakazi yayo. Bathola ukuthi nenkosazane yayikade idangele ngoba yahlukene nabazali bayo. Ngakho, kusukela ngalelo langa kuqhubeka, bavakashelana kaningi. Indlovukazi yaphinde futhi yaba yindlovukazi eyeneme ... ngisho noma ibona ikhekhe. Konke lokhu, kwakungenxa yomkitazi okhaliphile.



Nal'ibali fun

Okokuzithokozisa kwakwaNal'ibali



1. Complete the picture!

1. Follow the letters of the alphabet to connect the dots and complete the picture.
2. Then write a title for the book Bella is reading.
3. Colour in the picture, and in the empty space, draw other details that tell us more about Bella. Use the facts about her on page 3 of this supplement to help you.

Qedela isithombe!

1. Landela izinhlamvu ze-alfabethi ukuxhumanisa amachashazi bese uqedela isithombe.
2. Emva kwalokho bhala isihloko sencwadi uBella ayifundayo.
3. Faka umbala esithombeni, kanti esikheleni esingenalutho, dweba eminye imininingwane esitshela kabanzi ngoBella. Sebenzisa amaqiniso ngaye ekhasini lesi-3 lalesi sithasiselo ukukusiza.



2. Tell a story!

Use your imagination to complete the story. Tell a friend or parent your story.



Flying Lerato

One day, long ago, a girl called Lerato was walking through the veld when she saw a little black pig fast asleep under a bush.

"Aha," said Lerato. "We will eat well tonight."

Lerato grabbed the little pig, but to her surprise, it squeaked, "Please, let me go! I'll reward you - I'm a magic pig."

Lerato stared at the pig. "What will you give me?" she asked.

"Well, for one week," said the pig, "you'll be able to fly like a bird in the sky ..."

Xoxa indaba!

Sebenzisa iso lakho lokusemqondweni ukuqedela indaba. Xoxela umgani noma umzali indaba yakho.

ULerato ondizayo

Kwasukasukela, kwakunentombazane ogama layo lalinguLerato eyayizihambela inqamula esigangeni ngenkathi ibona ingulube encane emnyama ilele ubuthongo ngaphansi kwesihlahla.

"Aha," kusho uLerato. "Sizodla kamnandi ebusuku namuhla."

ULerato wabamba ingulube le encane, kodwa wamangala nje ngoba yanswininiza, "Ngiyacela bandla, ungidedele! Ngizokuhlomulisa - ngiyingulube yomlingo."

ULerato wayigqolozela ingulube. "Uzonginikezani?" kusho yena.

"Isikhathi esiyiviki elilodwa," kusho ingulube, "uzokwazi ukundiza njengeniyoni esibhakabhakeni ..."



Nal'ibali is here to motivate and support you. Contact us by calling our call centre on 02 11 80 40 80, or in any of these ways:

UNal'ibali ulapha ukukukhuthaza nokukusekela. Thintana nathi ngokushayela inombolo yesikhungo sethu ethi 02 11 80 40 80, noma enye yalezi zindlela:

www.nalibali.org

www.nalibali.mobi

[nalibaliSA](https://www.facebook.com/nalibaliSA)

[@nalibaliSA](https://twitter.com/nalibaliSA)

[@nalibaliSA](https://www.instagram.com/nalibaliSA)

info@nalibali.org

Produced by The Nal'ibali Trust and Tiso Blackstar Education. Translation by Dumisani Sibiyi. Nal'ibali character illustrations by Rico.

Daily Dispatch

The Herald

Sunday Times

Sowetan
IN THE KNOW ON THE MOVE.



Drive your imagination

